www.xtrapapers.com
www.PapaCambridge.com

Cambridge IGCSE

**Cambridge International Examinations**
International General Certificate of Secondary Education

| | |
|---|---|
| CANDIDATE NAME | |
| CENTRE NUMBER | |
| CANDIDATE NUMBER | |

*3249725543*

**ISIZULU AS A SECOND LANGUAGE** **0531/02**

Paper 2 Listening **October/November 2014**

**Approx. 35–45 minutes**

Candidates answer on the Question Paper.

Additional Materials: No additional materials are required.

**READ THESE INSTRUCTIONS FIRST**

Write your Centre number, candidate number and name on all the work you hand in.
Write in dark blue or black pen.
Do not use staples, paper clips, highlighters, glue or correction fluid.
DO **NOT** WRITE IN ANY BARCODES.

Answer **all** questions.

At the end of the examination, fasten all your work securely together.
The number of marks is given in brackets [ ] at the end of each question or part question.

This document consists of **8** printed pages.

DC (LEG) 98229/2
© UCLES 2014

CAMBRIDGE
International Examinations

**[Turn over**

www.xtrapapers.com
www.PapaCambridge.com



**Umsebenzi 1, imibuzo 1–6**

Lalela inkulumo eyethulwa nguNkosazane Nokwanda Mkhize emayelana nokuphathwa kweb uyethula emcimbini wokuvulwa kwenxanxathela yezitolo edolobheni lakwaNongoma.

Phendula imibuzo elandelayo ngokufaka uphawu (✓) ebhokisini elifanele eceleni kwesitatimende ukukhombisa ukuthi siliqiniso noma singamanga.

Uzoyizwa kabili le nkulumo.

Uzonikwa ithuba lokufundisisa imibuzo kuqala.

| | | **Iqiniso** | **Akusilo** | |
|---|---|---|---|---|
| **1** | UNokwanda ufanisa ibhizinisi nengane encane edinga ukunakekelwa. | ☐ | ☐ | [1] |
| **2** | UNokwanda uthi kudingeka ube nemali oyibekile uma uzoqala ibhizinisi. | ☐ | ☐ | [1] |
| **3** | UNokwanda uthi uma ibhizinisi lingasheshi ukuveza inzuzo ekuqaleni kumele uliyeke uqale elinye. | ☐ | ☐ | [1] |
| **4** | Abasebenzi kumele baholelwe kungalindwa ukuthi ibhizinisi liveze inzuzo, kusho uNokwanda. | ☐ | ☐ | [1] |
| **5** | UNokwanda ucabanga ukuthi yisu elihle ukuvula i-internet Café emakhaya? | ☐ | ☐ | [1] |
| **6** | UNokwanda ucabanga ukuthi uma unebhizinisi akumele uhleke kakhulu nabantu ngoba bazokujwayela. | ☐ | ☐ | [1] |

[Amamaki: 6]

© UCLES 2014

www.xtrapapers.com
www.PapaCambridge.com



**Umsebenzi 2, imibuzo 7–11**

Lalela inhlolovo phakathi kukaLondi Dlamini ongumgwedli wasemfuleni neNhloko Yabafana y iJabulani Boys ngomjaho weDusi Marathon.

Phendula umbuzo ngamunye ngokufaka uphawu (✓) ebhokisini eliseceleni nempendulo ocabanga ukuthi yiyona yona, uA, uB, uC noma uD.

Uzoyizwa kabili le nhlolovo.

Uzonikwa ithuba lokufundisisa imibuzo kuqala.

**7** ULondi uthi ukuze agcine umzimba wakhe uqinile futhi ukulungele ukungenela umjaho weDusi ...

**A** uqala ukuziqeqesha ekuqaleni konyaka.

**B** uqala ukuziqeqeshela ukugwedla unyaka wonke.

**C** uziqeqesha sekusele izinyanga ezintathu kube ngumqhudelwano.

**D** uqala ukugwedla sekusele amasonto amathathu ngaphambi komjaho. [1]

**8** ULondi ...

**A** ucabanga ukuthi abagwedli abambalwa babesezingeni eliphezulu kulo nyaka.

**B** ucabanga ukuthi unamathuba angcono okuphumelela umjaho kulo nyaka.

**C** uhlose ukuqeda abe ngowesihlanu noma ngaphezulu kulo mjaho.

**D** uzizwa enesiqiniseko sokuthi uzophumelela abe kwabesithathu bokuqala kulo nyaka. [1]

**9** Ngesikhathi somjaho uLondi wazama ...

**A** ukunamathela ohlelweni ayelwenzile ngaphambi komjaho.

**B** ukuzikhandla kanzima kusukela ekuqaleni ukuhamba phambili kunabanye.

**C** ukugcina izinga elifanayo lejubane ukuze angakhathali.

**D** ukufunda kwabanye abagwedli njengoba yena wayengenasipiliyoni. [1]

© UCLES 2014

www.xtrapapers.com

www.PapaCambridge.com



**10** Yisiphi isitatimende esiliqiniso kulezi ezilandelayo?

**A** ☐ ULondi wayeneminyaka engama-21 ngesikhathi ephula irekhodi lomgwedli ophambili wosuku.

**B** ☐ Irekhodi losuku lokugcina eliphambili lahlala iminya engama-21 ngaphambi kokuba uLondi alephule.

**C** ☐ Ukwephula irekhodi lomgwedli ogijima ukubedlula bonke kwakubalulekile kakhulu kunokuphumelela kuLondi.

**D** ☐ Ukwephula irekhodi lomgwedli ogijima ukubedlula bonke akubalulekile kangako kuLondi njengamanje. [1]

**11** Ukuphumelela umjaho ...

**A** ☐ kukhuphule izinga likaLondi lokuzethemba kwehlisa nengcindezi ngomjaho wangonyaka olandelayo.

**B** ☐ kukhuphule izinga likaLondi lokuzethemba kodwa lenyusa ingcindezi ngomjaho wangonyaka olandelayo.

**C** ☐ kuchaza ukuthi angaba ngomunye ongaphumelela emjahweni wangonyaka olandelayo.

**D** ☐ akushintshanga lutho mayelana nezinga azophumelela ngalo ngonyaka ozolandela. [1]

[Amamaki: 5]

© UCLES 2014

www.xtrapapers.com
www.PapaCambridge.com



**Umsebenzi 3, umbuzo 12**

Lalela inhlolovo phakathi kukaNgqongqoshe Wezamanzi Namahlathi uNkk Bhengu kanye ne yephephandaba uMnu Kubheka emkhankasweni wokufundisa ngokongiwa kwemvelo eMadadeni.

Uzoyizwa kabili le nhlolovo.

Uzonikwa ithuba lokufunda imibuzo kuqala.

**Gcwalisa amanothi ngesiZulu:**

**UKONGIWA KWEMVELO**

Isibonelo sesilwane esisengozini yokushabalala: ............................................................ [1]

Imbangela yokuncipha kwamanzi:

* kushiya ompompi bevuza
* sebenzisa .................................................................................................... [1]

Izindlela ezinconywayo zokuvikela amahlathi:

* ukungagawulwa kwezihlahla
* kuyekwe ...................................................................................................... [1]

Izindlela ezinconywayo zokubhekana nokungcoliseka kwemvelo:

* ukubeka eceleni usuku olulodwa lokuhlanza
* ukunikeza izigwebo ezinzima ........................................................................... [1]
* ........................................................ amafemu amakhulu angalandeli imithetho [1]

Izindlela ezinhle zokusebenzisa amanzi:

* ukuwaphuza
* ukugeza
* ukuwasha izingubo
* ............................................................................................................ [1]
* ............................................................................................................ [1]

Iqhaza labasha ekulondolozeni imvelo: * qwashisa abantu ngalokhu

* ..........................................................................

.......................................................................... [1]

[Amamaki: 8]

© UCLES 2014

www.xtrapapers.com
www.PapaCambridge.com



**Umsebenzi 4, imibuzo 13–19**

Lalela inhlolovo ephakathi kukaMnu Sizwe Ngobeni noBrigadier Thandeka Mbhele ofake somsebenzi embuthweni wezokuvikelwa kwezwe iSANDF.

Uzoyizwa kabili le nhlolovo.

Uzothola ithuba lokufunda imibuzo kuqala.

**Phendula imibuzo ngesiZulu:**

**13** Waqala nini uMnu Ngobeni ukuba nesifiso sokusebenzela umbutho wezokuvikela?

..........................................................................................................................................

.......................................................................................................................................... [1]

**14** Ngubani owakhuthaza uMnu Ngobeni ukuba asebenzele umbutho wezokuvikela, kungani akwenza lokhu?

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

.......................................................................................................................................... [2]

**15** UMnu Ngobeni uyozisebenzisa kanjani iziqu zakhe kuSANDF?

..........................................................................................................................................

.......................................................................................................................................... [1]

**16** Yiziphi ezinye iziqu uMnu Ngobeni anazo ngaphandlle kobunjiniyela?

..........................................................................................................................................

.......................................................................................................................................... [1]

**17** Wayenza msebenzi muni uMnu Ngobeni emsebenzini wakhe wesikhashana?

..........................................................................................................................................

.......................................................................................................................................... [1]

© UCLES 2014

